# *IZINTO EZAZINGENJALO KUSUKELA EKUQALENI*

. . .wezinsuku zaKhe, efundisa izinto ezazingenjalo. Ngicabanga ukuthi ukube Ubengafika namuhla, Ubengathola into efanayo: izinto ezazingenjalo kusukela ekuqaleni. Uma uhlala ufuna ukwazi ukuthi yini iqiniso, buyela ekuqaleni. Buyela emuva kuGenesise, futhi ungathatha yonke inkoleloze nalo lonke iqiniso kusukela namhlanje. Vele nje . . . Izitshalo zonke ziqala kuGenesise, ngoba uGenesise isahluko sembewu seBhayibheli. Futhi uma sifuna ukwazi okulungile, buyela emuva kusukela ekuqaleni.

2 Njengoba bengizama ukusho izolo ebusuku, lapho uNkulunkulu eke wenza isitatimende, Akasoze ahluka kuleso sitatimende. Uzofanele asigcine yonke indlela. Lokho Akusho kuGenesise kuyinto efanayo eSambulweni, nayo yonke indlela. UnguNkulunkulu, futhi yilokho kuphela. Niyabo? Futhi onke amaZwi aKhe ayiqiniso.

3 Manje, sithola ukuthi ngenkathi uJesu efika, Wathola abafundisi ababethathe iZwi likaNkulunkulu futhi baLiphendukezela, ukuze livune bona. Babethatha imiyalo kaNkulunkulu futhi baYiphendukezela yaba yisivumokholo.

4 Manje, khumbulani, munye kuphela uMdali, futhi bonke . . . uSathane akayena umdali. Siyini *isono* na? *Isono* uku "ngalungi," no*kungalungi* "ukulunga okuphendukezelwe."

5 Mhlawumbe ngizokucacisa. Ba . . .Niyibandla elixubile. Nilalela udokotela wenu; ngingumfowenu. Ukuba indoda ihlale nomkayo kungukulunga. Yashada naye. Isenzo esifanayo nomunye owesifazane ukufa. Okunye kuletha ukuphila, okunye ukufa. Niyabo? *Ukungalungi* uku "lunga okuphendukezelwe." Yini *amanga* na? I "qiniso lethulwe ngokungesikho."

6 Ngakho-ke yilokho uJesu akuthola. Futhi lokho sonke esizongena kukho, inqobo nje uma sithatha futhi sengeza, noma sisusa eZwini likaNkulunkulu, kuphendukezela iZwi likaNkulunkulu.

7 Ngakho-ke ngenkathi uJesu efika, Wathola ukuthi babethathe iZwi likaNkulunkulu base beLiphendukezela, futhi benza isiko lomuntu. Wayesethi, "Kungani wenza ngeyakho itra- . . .ushintsha iZwi likaNkulunkulu na?" Ngokuthatha amasiko abo, nokuguqula iZwi likaNkulunkulu, balenze Lisho into elaLingayishongo ngempela.

8 Sithola ukuthi Wakuthola lokho osukwini lwaKhe, futhi Wayezokuthola lapha namuhla. Futhi Yena, eBukhoneni, noma, eMuntwini kaMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo obehlale ekhona, ehlala kubantu baKhe esimweni sikaMoya oNgcwele, ufakaza ngekholwa leqiniso, ukuthi umuntu uphendukezela iZwi likaNkulunkulu ukuthi lifanele isivumokholo sabo, esikhundleni sokwenza isivumokholo sabo sifanele iZwi likaNkulunkulu.

9 Ngifuna umuntu othile athole iSivumokholo sabaPhostoli eBhayibhelini, njengoba besingakusho namhlanje, "Ngiyakholelwa ebandleni eliNgcwele lamaRoma aKatolika, inhlanganyelo yabangcwele." Noma yini ehlangene nabafileyo ingukukhonza imimoya yabangasekho. "Munye kuphela uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, uMuntu uKristu Jesu." Yilokho kuphela. Akekho omunye umlamuleli. Ngakho-ke noma yini . . . Baphendukezela izinto, benza iSivumokholo sabaPhostoli.

10 Uma umphostoli wayenesivumokholo, kwakuyiZenzo 2:38. U—esene . . . yilokho ababekade bekushumayela ngokuqhubekayo futhi—futhi wakugxisha kubantu. Kumele baphendukele kuNkulunkulu njalonjalo. Okungukuthi, uma kunanoma yisiphi isivumokholo eBhayibhelini, leso kungaba yilokho, esasetshenziswa ngabaphostoli.

11 Ngakho-ke ba . . . konke ukuhola kwabo kukaMoya oNgcwele kwahlala neZwi. Futhi uma noma yimuphi umuntu, noma ingelosi, ike yasho noma yini ephikisana neZwi, abaseGalathiya 1:8 yathi, "Mayibe ngeqalekisiweyo." Kufanele kube yiZwi likaNkulunkulu.

12 UPawulu wathi, "Uma ingelosi evela eZulwini iza kuwe nanoma yiliphi elinye ivangeli ngaphandle kwaleli olizwileyo, mayibe ngeqalekisiweyo." Ngakho-ke sikholwa ukuthi kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi likaNkulunkulu aliyikudlula, ngoba iZwi linguNkulunkulu. UNkulunkulu angeke edlula. Indalo izodlula, kepha uNkulunkulu angedlule.

13 Akusiyo indawo yamahlaya, ipulpiti aliyona indawo yamahlaya. Ngicabanga ukuthi iZwi likaNkulunkulu kufanele lishunyayelwe kusukela lapha ngesizotha se—senhliziyo, futhi kufanele silikhumbule. Kodwa ukusho lokho nje, ukwenza leliphuzu, omnyama omdala, lapha ndawo ndawo eNingizimu, ngesinye isikhathi wakwenza isitatimende, wathi, "Kungcono ame eZwini likaNkulunkulu kunokuma eZulwini." Bambuza ukuthi kungani. Wathi, "Isizathu ukuthi kokubili iZulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi likaNkulunkulu ngeke." Kulungile. Sifanele ukuhlala eZwini.

14 UJesu, lapho Efika, Wathi, "UMose ngenxa yobulukhuni benhliziyo yenu wakuvumela ukwahlukanisa nomkenu: kodwa

kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Manje, sithola ukuthi bathathe imiyalo kaNkulunkulu futhi bayenza yaba yize.

15 Lapho uJesu efika, wathola abantu bebheke ebandleni ukuthola insindiso. Bathole ini na? Izivumokholo; ihlelo ngalinye lenza isivumokholo salo. Futhi-ke yilokho Athola abantu bencike kukho ebandleni ngensindiso; futhi bathola izivumokholo ezenziwe ngabantu.

16 Futhi uma Eza namhlanje eMuntwini futhi wakhuluma nathi, Ubeyothola into efanayo: umuntu enza iZwi likaNkulunkulu lifanelane nehlelo labo, ebanika izivumokholo. Futhi ayikho insindiso esivumwenikholo, uma kungesilo iBhayibheli. Kufanele kube yiBhayibheli, ngoba iZwi laKhe li. . . konke esikudingayo, yiZwi laKhe. NeZwi laKhe, uma eyiZwi, iZwi likaNkulunkulu linguNkulunkulu. Yilokho kuphela. YiZwi laKhe, qobo lwaKhe. U. . . "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Futhi uLizwi usenguNkulunkulu. KusenguNkulunkulu.

17 Manje, sithola ukuthi ngenkathi Efika, Wathola amadoda, ngaleyonkathi, ethatha imiyalo kaNkulunkulu futhi ayenze ize, ngokuthatha imiyalo kaNkulunkulu, futhi eyiyifanelekisela ukuhlangabezana nezivumokholo zabo, ngakho-ke kwakuyize. Nebandla labheka. . . Abantu babheka ebandleni esikhundleni sokubheka eZwini likaNkulunkulu. Ngakho ngakho-ke, Wathi, "Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

18 Sikuthola kuyafana namhlanje, njengoba sengicaphune kabili noma kathathu vele namhlanje ekuseni, futhi ngibuka lelowashi elikhulu, kungenza ngiguliswe yimizwa, ngakho-ke ngi—ngifuna ukusho lokhu nokho, ukuthi, "Lokhu kuyiqiniso." Bese kuthi-ke ngalolosuku njengoba kunjalo manje, futhi manje njengoba kwakunjalo ngalesosikhathi, bampongoloze kakhulu, "Uphi uNkulunkulu na?"

19 Awu, yona impela into, ukuthi, bamshiyile uNkulunkulu ngenkathi beshiya iZwi laKhe. Yingalesosizathu sinezinto ngendlela esenza ngayo namhlanje, yingenxa yokuthi abantu balishiyile iZwi likaNkulunkulu.

20 Uma udokotela ebhala ifomula, isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi wena wengeze okuthile kuso, noma ususe okunye kuso, ungasibulala isiguli sakho. Kulungile. Ufanele usigcine ngendlela esibhalwe ngayo. Kukhona ikhambi elanele lapho lokuphazamisa ubuthi, ubuthi obenele bokubulala igciwane. Futhi ubuthi obuningi kakhulu obukuso ngaphandle kwekhambi kungabulala isiguli; futhi—futhi ikhambi eliningi ngaphandle kobuthi, bekuzokwenzenjani na? Bekungeke kusisize isiguli sakho. Ngakho-ke ufanele usigcine kahle.

21 Futhi linjalo neZwi likaNkulunkulu. YisiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu. Yebo, mfowethu.

YisiThako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu kubantu baKhe ukwelapha zonke izifo, zonke izifo. Isono nokwenyama, noma kungaba yini, konke kuhlangatshezwane nakho eZwini likaNkulunkulu. Amen. YiZwi likaNkulunkulu. Kwakunjalo ekuqaleni; Kwakunjalo enkathini ephakathi; Kunjalo kuyo yonke iminyaka; futhi Kunjalo namhlanje ekuseni, kufana ncamashi naLokho okwakuyikho ngenkathi EKukhuluma, ngoba angeke Kwaphambuka ichashaza elilodwa, ngoba KuyiZwi likaNkulunkulu.

22 Khona-ke abantu namuhla, akumangalisi ukuthi bayakhala bathi: "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into efana nokuphilisa ngokukaNkulunkulu." Kungani bekwenza na? Ngoba bathathe iZwi likaNkulunkulu futhi benza isivumokholo sabo sasongwa ngalo, futhi baxubanise into nokungalungile. Futhi abanawo amandla phakathi lapho. Uma ingelosi, umbhishobhi, umbhishobhi omkhulu, noma ngahle kube yini, ifike futhi iguqule iZwi elilodwa, kuzoguqula sonke isiThako somuthi nokusetshizwa kwawo. Asihlale khona ngqo kulokho eSakusho. Lokho uNkulunkulu akushoyo, asiSishiye kanjalo nje.

23 Amabandla ahambile namuhla. Athukuthele ndawo ndawo, enza izinhlangano, enza amahlelo, eletha abantu emva kwezivumokholo esikhundleni sokulandela uKristu. Angifuni sivumokholo ngaphandle kukaKristu, akukho mthetho kepha uthando, futhi akukho ncwadi ngaphandle kweBhayibheli. Yilokho ncamashi esinakho: Leso yiSivumokholo sikaNkulunkulu, Yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaNkulunkulu. YiKhambi likaNkulunkulu lesono. YiKhambi likaNkulunkulu lokuphulukiswa kwethu, futhi Linga—LingaMandla kaNkulunkulu abonakaliswe kithina, njengoba sithatha iZwi ezimpilweni zethu.

24 Manje, sithola ukuthi bayaphendula, bephendula bempongoloza, "Uphi uNkulunkulu kaMose na?" Isizathu sokuthi uMose ahlale noNkulunkulu nezinto kwakuwukuthi, uNkulunkulu wayelandela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sikaMose, uMose wayelandela iZwi likaNkulunkulu. Indlela uPetru, uJakobe, noJohane abashaya ngayo umaki ngasosonke isikhathi, yingenxa yokuthi ba—babelandela iZwi.

25 Lapha ngesinye isikhathi esedlule. . . Wonk'umuntu uyazi ukuthi ngithanda ukuqondisa, nokudubula, kanjalonjalo. Futhi ngangineModeli 70 Winchester encane. Ngathi qekelele, futhi kumayadi angamashumi amahlanu, ebangeni ebelibekiwe, ngishayele izinhlamvu eziyisishiyagalombili emgodini ofanayo, emayadini angamashumi amahlanu. Futhi kwaphuma kancanyane, udubulwa. Ufanele uzidlaladlale ngakho futhi ukukutakute. Futhi ngiyathanda ukukwenza lokho, ukuthi ukuzinzisa imizwa yami. Futhi lokho kwaphuma eceleni.

Angikwazanga ukukufaka. Ngacabanga ukuthi kwakudinga ukukhuhlwa kabusha.

26 Ngasithumela emuva kwaWinchester Company. Bathumela emuva, futhi bathi, "O, Mfowethu Branham, noma, Mnu. Branham," bathi, "uma . . . leyo Winchester ingenye yezedlula zonke." Wathi, "Izohlanganisa i-intshi emayadini angamashumi amahlanu, emayadini angamashumi amabili nanhlanu, njalo, iyintshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu." Wathi, "Yilokho okukwedlula konke oyoke ukuthole."

27 Bengazi okwehlukile. Ngangazi emayadini angamashumi amahlanu ngashayela izipikilana eziyisishiyagalombili eziqondile ngaso. Ngakho-ke ngangazi ukuthi lokho kwakungalungile. Manje, yileyondlela . . . Futhi angikwazanga ukuphumula ngize ngikubuyise. Manje, kuzokwenza into efanayo.

28 Manje, angiyena omunye walaba bantu othanda ukushaya futhi ahlakaze, "Ibandla lisho njalo, ngakho-ke ake sihlale nje nalo." Uma abaphostoli, ngeZwi likaNkulunkulu, ngemiyalo kaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele ofanayo esinawo, bashayela izipikilana ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, emandleni kaNkulunkulu, uma sizohlala nakho, siyazi ukuthi kulapho kakhulu, ngakho-ke hlala size siqondise ngqo, yilokho kuphela, ngokuba siyazi ukuthi kwakwenza kanye.

29 Kanjani, "izinsuku zezimangaliso selwedlule," futhi "uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade"? Angafa kanjani lowoNkulunkulu ofile owavuswa futhi, futhi uphila kuze kube phakade na? Singafinyelela kanjani esivumwenikholo, kanti uNkulunkulu akanaso isivumokholo na?

30 UNkulunkulu unguMuntu. UNkulunkulu uhlala ngaphakathi kweBandla laKhe, futhi nina niyiBandla laKhe. Uma uzelwe ngokusha, futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, uyiBandla likaNkulunkulu. UNkulunkulu uhlala kokwakho . . . Utabernakela kuwe. Ngenkathi uNkulunkulu ehla, enziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, Wenzani na? We—Wendlala itende laKhe phakathi kwezidalwa ezingabantu. Wa—Wawela ukulingisa kwaKhe esuka kuNkulunkulu kuya kumuntu ukuze angaba, ukuze umuntu abe njengaYe. O, Uba yimi, ukuze ngomusa waKhe ngingaba nguYe.

31 O, into enhle kangaka pho. Asisoze saqonda ukuthi kwakuyini. Akumangalisi abantu bamemeze namuhla, "Uphi uNkulunkulu na?" Buyela eZwini. Buyela ekuqaleni.

32 Ekuqaleni Washo kubafundi baKhe, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kwaba yilokho-ke. Buyela kuleloZwi elifanayo futhi Lizokhiqiza into efanayo. Babelilandela leloZwi, futhi Laqonda ngaphakathi lase lishayela izipikilana.

Zonke izipikilana, sonke isithembiso uNkulunkulu asenza, sabonakaliswa.

33 Uma sizobuyela kuleloZwi elifanayo, Lizoshayela izipikilana ezifanayo, lenze izimangaliso ezifanayo, lenze izinto ezifanayo, lenze ukuphila okufanayo, lenze isidalwa esifanayo, livuse abafileyo, liphulukise abagulayo, likhiphe odeveli, libone imibono, liprofethe. YiVangeli elifanayo elashayela izipikilana ngaleyonkathi, uma sizobuyela kokufanayo.

34 Njengokuthi, buyisela isibhamu esimweni esifana nesasiyiso kusukela ekuqaleni, ukudlidlizela kuphume kukho konke, kuzoqondisa leyo nhlamvu iqonde ngqo. Futhi uma sikhipha konke ukudlidlizela kokungakholwa kithi, iZwi likaNkulunkulu lizoqonda ngqo ncamashi njengoba kwakunjalo ekuqaleni kokuqala. Kunjalo impela. Lizoqonda ngqo ngasosonke isikhathi. Lakwenza kanye; Lizophinda likwenze futhi. Unganeliswa isivumokholo noma okuthize. Hlala lapho kuze kube yilapho iZwi liqonda ngqo.

35 Kungikhumbuza ngesikhathi lapho umama nobaba, noma, usinga-baba weNkosi yethu uJesu wayeMthathe wamkhuphulela emkhosini wePentekoste. Futhi bahamba ibanga lezinsuku ezintathu, futhi—futhi ekugcineni balahlekelwa nguYe. Ba—abakwazanga ukuMthola.

36 Yileyondlela ibandla elihambe ngayo manje. Selihambe kakhulu. . . selihambe cishe uhambo lweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi balahlekelwa nguYe. Nakhu. Kunezibonakaliso yonke indawo ezivelayo zokuFika kwaKhe, futhi bathi, "Uphi uNkulunkulu na? Uphi uNkulunkulu na? Kwenzekani ngaYe na?"

37 Niqaphelile na? UMariya noJosefa baMfuna phakathi kwezihlobo zabo, kepha abaMtholanga. Namuhla sibuyela emuva ukubona ukuthi amaMethodisti aMtholile yini, amaBaptisti aMtholile yini, amaPresbyterian, noma amaLuthela. Qhabo, mnumzane, abaMtholanga. Ngeke futhi siMthole namuhla. Akunandaba ukuthi sizama kangakanani ukubuyela emuva futhi sibuyekeze elinye lalawo amadala, amahlelo, afile, asisoze sakwenza.

38 BaMtholaphi na? Lapho baMshiya khona. Haleluya! Nicabanga ukuthi ngingumgingqiki ongcwele; ngicabanga ukuthi nginguye. NizoMthola njengoba benza nje: lapho baMshiya khona. Lapho baMshiya khona, yilapho abaMthola khona. Yilapho ibandla elizoMthola khona.

39 BaMshiya kuphi na? Emkhosini wePentekoste. LizoMthola kuphi ibandla na? Emuva emkhosini wasePentekoste, lapho baMshiya khona ngenkathi besuka emfundisweni yabaphostoli kanjalonjalo. Emuva kuleyo minyaka yasekuqaleni emuva lapho, basuka kuyo babumba izivumokholo zabo, base beqala imfundiso yamaNikolawu, babumba ibandla

eliKatolika, bahlela inkolo ya—yalokho okwakubizwa ngokuthi inkolo yobuKristu. Futhi ukusuka lapho bahlelile, futhi badiliza izinto, futhi bangenisa onke amaKristu ezivumwenikholo, kanjalonjalo, futhi bakuxuba konke kwaze kwaba yinhlanganisela efanayo nje Ayithola ngenkathi Efika. Kunjalo impela.

40 Emuva ekuqaleni lapho saMshiya khona, ngenkathi Wayenamandla, ngenkathi Evusa abafileyo, futhi waphulukisa abagulayo, futhi ekhipha odeveli; lokho kubuyele ngqo ekuqaleni, lapho saMshiya khona.

41 Bathi, "Uphi na? Ngabe Ukanye namaMethodisti na? Ngabe Ukanye neBaptisti na?" Noma ngisho, "Ngabe Ukanye nePentecostal na?" Qhabo, mnumzane. Buyela emuva e-ori-. . . hhayi inhlangano yePentecostal, ihlelo lePentecostal, lelo igama. Ubani ongahlela iPentekoste na? Ngitshele. IPentekoste akuyona inhlangano. IPentekoste yisehlakalo kunoma yiliphi ikholwa elifuna ukusemukela. Buyela esahlakalweni, hhayi emuva enhlanganweni, kodwa emuva esahlakalweni. IPentekoste iyisehlakalo.

42 Ake nginitshele okuthize. Bhekani isithelo amabandla amaPentecostal asithelayo namhlanje, uzothola ukuthi aziqaliwe kusukela kwasekuqaleni: ukuphikisana, ukuxokozela, ukukhathazeka, phansi naphezulu, ukudonsa *lokhu*, nokudonsa *lokho*. UJesu wathi kuJohane 14, noma kuJohane 15, "Mina nginguMvini, nina ningamagatsha." Ngabe kunjalo na?

43 Manje, nina balimi, nina baseTexas, abaseLouisiana, noma ningaba yini lapha, noma ngubani onomqondo ovamile, owake wabona umvini ukhula, wazi ukuthi umvini awutheli izithelo. Amagatsha omvini yiwo athela izithelo, kepha athola ukuphila kwawo emvinini. UJesu ungumthombo wethu wokuPhila. Yebo, mnumzane. Manje, sizoqaphela, khona-ke, uma uJesu engumthombo wokuPhila kwethu, khona-ke UnguMvini weqiniso. Ukuphila uqobo okusemvinini kusegatsheni. Futhi uma lowomvini uveza igatsha lokuqala, futhi lelogatsha liyisigejane samagilebhisi lithela kuwo. Uma kuke kwavela elinye igatsha, kuzoba yisixheke samagilebhisi. Lizoveza elinye igatsha, kuzoba yisixheke samagilebhisi. Futhi kuzoba uhlobo olufanayo lwegatsha kuze kube sekupheleni komvini. O Nkulunkulu.

Manje, ngidinga isigamu sami sehora; ngilungiselela ukusishaya nje. Amen.

44 Njalo uma lowomvini uveza igatsha, lizoba njengegatsha lokuqala. Kungani na? Ngoba ukuphila okusemvinini kuzoveza uhlobo olufanayo lwegatsha. Uma umvini wokuqala uthele amagilebhisi, olandelayo awutheli amathanga. Olandelayo ngeke uthele izithelo ezisawolintshi. Bese kuthi-ke, emva kwesikhashana, kwehle njalo kanjalo, ngeke kukwenze.

45 Uma uMvini weqiniso uveza igatsha, futhi uma . . . UJesu uyiGatsha kowokuqala, noma, uMvini. Futhi igatsha lokuqala elazala, babhala iNcwadi yeZenzo emva kwalo. Kunjalo na? Ibandla lePentekoste, ibandla langempela lePentekoste, futhi labhala iNcwadi yeZenzo, ngezibonakaliso nezimangaliso zilandela ikholwa. Uma lowoMvini wangempela weqiniso uveza elinye igatsha leqiniso, bazobhala incwadi yeZenzo ngemuva kwalo. Yebo, mnumzane.

46 Lapha e-Arizona kungekudala, ngangibuka isihlahla egcekeni lendoda: isihlahla sokusamawolintshi. Sasinezinhlobo eziyisishiyagalolunye zesithelo esihlahleni esisodwa. Kwakuyikho. Ngasinye sazo kwakuyisithelo esehlukile. Kwakuyisihlahla samawolintshi ekuqaleni, kodwa sasinamapomegranathi; sasine—sasinolamula; sasinophaphamuzi; zonke izinhlobo zezithelo ezisawolintshi. Kungani na? Zazifakelwe lapho. Zaziphila ngokuphila kwaleso sihlahla, kodwa azikwazanga ukuthela lutho ngaphandle kwalokho ezaziyikho. Azikwazanga ukuletha amawolintshi, ngoba zingumvini ofakelwe. Kodwa ngaso sonke isikhathi lapho leso sihlahla siveza igatsha leqiniso uqobo kulo, kwakuyisihlahla samawolintshi, futhi sathela amawolintshi.

47 Yileyondlela namhlanje. Siyimivina efakelwe yeMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian eMvinini weqiniso, futhi siphila ngamandla aWo. Kodwa ngeke uthele lutho ngaphandle kwesivumokholo nehlelo. Kodwa uma lowoMvini uke waveza elinye igatsha, liyobe lingakhethi hlelo, linikwe amandla ngoMoya oNgcwele, impela nje njengoba kwakunjalo ngoSuku lwe—lwePhentekoste; emuva ekuqaleni. Amen.

Kungcono ngiyeke. Amen.

48 Uma lowoMvini uke waveza elinye igatsha, kuzoba njengoba kwakunjalo ekuqaleni. Sifakela zonke izinhlobo zezivumokholo zebandla kuwo: iBaptisti, iMethodisti, iPentecostal, iPresbyterian, iLuthela, iBaptisti; futhi bonke bathela isithelo seBaptisti, isithelo seMethodisti, isithelo sePentecostal, nakho konke okunye. Kodwa uma sekubuya, uma lowoMvini uveza elinye igatsha leqiniso, uzothela izithelo zikaMoya oNgcwele. Amen. Kuzo . . .

Bathi, "Awu, singamaMethodisti."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"SingamaBaptisti."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"SiyiPresbyterian."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"Asikholelwa ekukhulumeni ngezilimi."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni."

"Asikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu ebandleni lethu."

"Kwakungenjalo kusukela ekuqaleni." Haleluya! Esikudingayo namhlanje ngukubuyela ekuqaleni futhi, emuva ekuqaleni. Haleluya!

Isikhathi sami sesiphelile. Asikhuleke.

49 Nkosi Jesu, o, kwangathi ngingaphila ngize ngibone usuku ibandla elibuyela ngalo ekuqaleni. Siphe khona, Nkosi. Gcwalisa lendawo encane namhlanje ekuseni. Gcoba lomelusi omncane lapha, Nkosi, nalaba abanye. Siphe inkazimulo yaKho. Siphe umusa waKho. Siphe umhlangano lapha, Nkosi.

50 Masikhohlwe ngezinye izinto futhi sibuyele ekuqaleni, ngokuba siyazi ukuthi iNkosi yethu ikhuluma ezinhliziyweni zethu kulokhu ukusa. Susa lemivini efakelwe lapho. Zihlukanise nokungakholwa. Buyela emuva ekuqaleni. Yilapho kwakunjalo khona. Futhi, Nkosi, sifuna konke kube njalo kusukela ekuqaleni.

51 Nkosi, makuthi isehlakalo sethu, uma sike saba naso kuze kube namhlanje ekuseni . . . Uma kukhona umuntu ohlezi lapha ongakaze abe nalesosehlakalo sokuqala sikaMoya, futhi enalowoMoya ofanayo owathululeka ekuqaleni, kungani kufanele sithathe isibambiso na? Kungani kufanele sithathe okuthile okushisekelayo na? Kungani kufanele sithathe isivumokholo esithile esiqinile, esibandayo, esihlelekile, esingenandaba, lapho izibhakabhaka zePentekoste zigcwele udaba lwangokoqobo ngempela na? Kungani kufanele uthathe isibambiso na?

52 Nkosi, asibuyele emuva ekuqaleni, futhi sikwemukele njengoba benza ekuqaleni, futhi sibe nemisebenzi efanayo, izibonakaliso, izimangaliso ezithela isithelo esifanayo: uthando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Nkulunkulu siphe khona. Sizwe, Baba, ngokuba sinikela lelibandla elincane nalemvuselelo kuWe esandleni saKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

INkosi inibusise. Ngiyakuzonda ukuthi ngifanele ngigijime, kepha selishayile eleshumi nanye manje. Ngizonibona kulobubusuku. Ngiyabonga . . .

